A Ekuqaleni... UNkulunkulu.

- Lezindaba ezimbili zendalo zisethulela uNkulunkulu ngezindlela ezimbili ezahlukene:
  - UGenesise 1:1-2:3 usethulela uNkulunkulu onamandla: Angadala ngezwi lakhe nje kuphela. Amandla akhe amakhulu asikhuthaza ukuba simkhonze futhi simdumise (AmaHubo 95:3-6).
  - UGenesise 2:4-25 usethulela uNkulunkulu oseduze: Wasenzela ikhaya futhi wasibumba ngezandla zakhe uqobo. Uyanaka ngenjabulo yethu futhi usifundisa ukuthi siphile kanjani.
- Namhlanje sisukile ebukhoneni bukaNkulunkulu ngenxa yesono. Kodwa, sisengawathokozela amandla akhe kanye nokuba seduze. Singakuthokozela ukumangalisa kanye nokuba khona kukaNkulunkulu empilweni yethu.

B Umsebenzi kaNkulunkulu:

- **Indalo ephelele.**
  - Lenkulumo ethi "kuhle" [*tov* ngesiHebheru] isetshenziswe ukuchasisa ukuthi indalo yenzeka kahle; ukuthi yayiphelele futhi yayiyinhle nanokuthi kwakungekho okubi kuyo. Yebo kwakungekho ukufa. Ukufa kwakungeyona ingxenye yendalo ekuqaleni.
  - Izigaba ezithatha izinkulungwane noma izigidi zeminyaka azihambisani nendalo. Imithi ithela izithelo (Genesise 1:12; 2:9). Izinyoni ziyandiza, izilwane ziyahamba (Genesise 1:20, 25). U-Adamu wadalwa engumuntu omdala owayekwazi ukukhuluma nokucabanga (Genesise 2:19).
  - Ekupheleni kwendalo, "Kwase kupheleliswa izulu nomhlaba kanye nombuthano wakho wonke" (Genesise 2:1). Kwakuyizinsuku nje eziyisithupha.
- **Isikhathi esiphelele.**
  - Ukukhanya[1], ulwandle[2], umhlabathi[3], izitshalo[4], izinkanyezi[5], izinhlanzi[6], izinyoni[7], izilwane[8], abantu[9]. Konke kwenziwa ngezinsuku eziyisithupha. Kodwa kukhona okubalulekile okwakusele, okweshumi okwakuyophelelisa uhlelo: usuku lwesikhombisa[10].
  - Isikhathi sokuphumula, sokucabanga, ukuba nabantu, kanye nokuhlanganyela noMdali. Labo bantu ababephelele babesidinga leso sikhathi esikhethekile, ngakho sisidinga kakhulu ngemumva kweminyaka eyizinkulungwane yesono (Eksodusi 20:8-11).
  - ISabatha lisikhumbuza ngemvelaphi yethu, kanye nekusasa lethu elinenkazimulo ngenxa yokuhlengwa (Duteronomi 5:15; Isaya 66:23).
- **Abantu ababephelele.**
  - Isimo sikaNkulunkulu sibandakanya:
    (1) Indalo kamoya esenza sikwazi ukukhuluma noNkulunkulu.
    (2) Umfanekiso oyinyama woMdali wethu.
    (3) Ikhono lokucabanga kanye nokwenza izinqumo eziqotho.
  - Ngokuka Genesise 2:7, lapho umoya (spirit) ungena emzimbeni wobumba owenziwe ngeNkulunkulu (body), kwaba nomphefumulo ophilayo (soul).
  - UNkulunkulu wabe esenza isigaba sesibili sendalo (Genesise 2:21-22), kanjalo wenza "umuntu ophelele": owesilisa kanye nowesifazane, indoda nomfazi.

C Izipho zikaNkulunkulu.

- Lapho uNkulunkulu edala umuntu wokuqala, wamupha izinto ezintathu ezifanekisa imisebenzi emithathu:
  - Insimu yase-Edene (Genesise 2:8): yayiyikhaya eliphelele. Kwakufanele alilinde futhi alilime. Kufanele sikugcine lokho uNkulunkulu asinike khona.
  - Ukudla (Genesise 2:16): UNkulunkulu wamupha ukudla okwakufanele umzimba wakhe ophelele. Wangeza ngombandela ukuze abonise ukwethembeka kulowo owayemupha konke (Genesise 2:17).
  - Umfazi (Genesise 2:22): Isipho esiphelele. Umuntu wokuthandwa. Umuntu ayengabelana naye ngakho konke. Umuntu "wokuba nyamanye" naye (Genesise 2:24).